## SELULIWE ISIKHATHI SIKAKHOMISHANA UKIESWETTER SOKUBA SESIKHUNDLENI

**27 Nhlolanja 2024 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (i-SARS) luyaqinisekisa ukuthi uMongameli uCyril Ramaphosa ucele ukuba uKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter aqhubeke ngale kwesikhathi sakhe samanje sokuba sesikhundleni, obekumele siphelelwe yisikhathi mhla zingama-30 kuMbasa 2024. Bobabili bavumelene ngokwelulwa kwesikhathi sakhe njengoKhomishana ngeminye iminyaka emibili.

Isinqumo sisekelwe ekuqondeni ukuthi isikhathi esiluliwe sizonika uSARS ithuba lokuqhubeka nokugxilisa inhlososu yakwaSARS nezinguquko isikhungo esaqala ukuzenza kusukela kowezi-2019. Izwe lonkana lingafakazela ukuthi ikhona inqubekela phambili ebonakalayo eyenziwe ekubekeni uSARS lapho ukhona manje njengegunya elithembekile lentela nokulawulwa kwempahla emngceleni elidlala indima esemqoka ekulekeleleni uhulumeni ukwazi ukwakha umbuso okhonayo ekuthuthukisweni kwenhlalakahle nezomnotho kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika. UKhomishana uKieswetter uthe, “Lo mzamo kumele uqiniswe futhi usimamiswe”.

Ukwelulwa kwesikhathi sokuba sesikhundleni kuphinde kuhlinzeke ngesikhathi esidingekayo sokuqhubeka nokwenziwayo ukuqinisa ibhentshi lobuholi bakwaSARS nokulungiselela nokungena kahle kobuholi esikhungweni kule minyaka emibili ezayo.

UKhomishana uKieswetter uthe “Ngingabaqinisekisa bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuthi, ngokwesekwa yini, uSARS uzokwenza konke okusemandleni ukuqhubeka nokusebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi siyafinyelela embonweni wokuba uSARS wobuhlakani futhi wesimanje onesithunzi esingangabazeki noncomekayo. USARS uyaqhubeka nokugqugquzelwa yizinguquko nokuSebenzela ngokoBizo bonke abantu baseNingizimu Afrika”.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za